

**SIYAKHA NENTSHA SURVEY**  
**INFORMED CONSENT FOR GUARDIANS OF PARTICIPANTS**  
**YOUNGER THAN 18 YEARS OF AGE**

## **Lumayelana nani lolucwaningo?**

Sixxa nentsha eku grade 10, 11 no 12 ukuze siqonde izinto ezibalulekile ezimayelana nentsha yase Ningizimu Africa, ezinjengezezimali, isinqumo mayelana nezomnotho, imfundo nolwazi lwabo, ezomsebenzi, nokuziphatha maqondana nezempiro kuhlanganise nesandulela ngculaza. Lemibuzzo izobuzwa ingane yakho, eminye yayo ingase ibe bucayi futhi imaqondana nempilo yomuntu yangasese. Ulwazi azosinika lona luyoba imfihlo, akekho omunye ozoyibona ngaphandle kwalabo abenza lolucwaningo. Ingane yakho ayiphoqelekile ukuphendula imibuzzo uma ingathandi, futhi ingaphuma kulolu cwaningo noma nini uma isifisa. Isinqumo sakhe sokungena noma ukungangeni kulolu cwaningo ngeke sikuthinte ukungenela uhlelo olufundisa ngempilo olwensiwa esikoleni sakhe.

**Ziyini izinzuzo zokungenela ucwaningo?**

Ayikho imali ezotholwa ingane yakho ngokungenela lolucwaningo. Izimpendulo zakhe eziqotho emibuzweni yocwaningo ziyo siza ekuphuculeni imfundo nezinhlelo zokuphila zabantu base Ningizimu Africa, zisize futhi intsha yase Ningizimu Africa ikwazi ukuphila impilo engcono. Ukungenela ucwaningo nokuvuma ukuphendula imibuzo nje ihora elilodwa esikhathini sakhe. Sizophinde sixhumane nengane yakho ukuze siyibuze eminye imibuzo futhi ezinyangeni ezingu 12 kuya kwezingu 18 kusukela manje. Sizocela ukuba asazise uma ezoya kwenye indawo kulesikhathi esiyizinyanga ezingu 12 kuya ku 18.

### **Ingabe ulwazi engizokunika lona luyimfihlo?**

Yize ingane yakho siyibuza igama nekheli kodwa lemininigwane iyo setshenziswa kuperha ekuthintaneni naye mayelana nesigaba esilandelayo sokubuzwa imibuzo. Ulwazi ayolunikeza luyoba imfhilo/isifuba ngokuphelele akekho omunye oyoluthola ngaphandle kwalaba abenza loluckwaningo.

Ngokuqondene nokubuzwa imibuzo kwesibili siyothintana nengane yakho khona esikoleni sayo. Uma ingasafundi kulesi sikole ngemuva konyaka siyomuthinta ekhelini lakhe lasekhaya azosinikeza lona namuhla noma ekhelini lakhe elisha. Siywazisa kakhulu usizo lwengane yakho esiyoluthola ngokuphendula kwayo imibuzo esiyoyibuza yona.

Ingane yakho ingase ithintwe futhi ukubuza ukuthi iyaziqonda yini, izingozi, izinzuko kanye nezindlela ezizolanelwa kulolucwaningo ezolungenela. Uma ingane yakho icelwa ukuba iphendule imibuzo ikhululekile ukuvuma noma ukwenqaba. Konke ekushoyo kuyogcinwa kuyimfiho.

**Ingabe unayo imibuzo ngalolucwaningo noma ngokulungenela kwakho?**

Ingabe uyavuma ukuthi ingane ibuzwe imibuzo?



Ingabe uyavuma ukuthi siyithinte futhi ingane yakho ukuze sithole imvume yokubuza imibuzo esikhathini esingangezinyanga ezinga 13-18 kusukela manje?

3. Yes                          4. No

Ubani engingamuthinta uma nginemibuzo mayelana ngalolucwaningo?

Uma enemibuzo mayelana nalolucwaningo zizwe ukhulukile ukubuzwa imibuzo. Uma ingane yakho ishintshela kwenye indawo sicela ithintane no Ms. Kashturi Govender (tel. 0785316714) noma u Mr. Emmanuel Mbatha (tel. 0785316572 we Isihlangu Health and Development Agency) noma u Dr. Kelly Hallmam we Population Council (tel. 0720509811 or 001 212 339 0687).

**Sayina (umqaphi womntwana)** \_\_\_\_\_ **Usuku** \_\_\_\_\_